HILLCREST HIGH SCHOOL
ISIZULU ULIMI LOKUNGEZELELA
IBANGA LESISHAGALOMBILI (GRADE 9)
ABALUNCELA EBELENI (MOTHER TONGUE)
IPHEPHA LESIBILI (PAPER II
UKUHLOLWA KUKAJUNI 2015

ISIKHATHI: 2 Amhr. AMAMAKI: 100

IMIYALELO:

- funda LONKE iphepha ngaphambi kokuqala ukubhala.
- QINISEKA ukuthi isikhathi usihlukanise kahle ukuze uqede kahle.
- Bhala umsebenzi OHLANZEKILE.
- Sebenzisa isiZulu esivumelekile.
- Funda LONKE iphepha uma uqeda ukubhala.

ISIBONGO.................................. IGAMA......................

OKUMHLOPHE KODWA!!!!!

# ISIQEPHU A

## INOVELANA
## "MHLABA SENGIYAKWAZI" >>> N. G. Ngwane

1. Funda amagama abalingiswa obanikeziwe lapha ngenzansi bese ukhetha ABABILI ubhale uxoxe ngabo. UNGADLULI amagameni anga-80 futhi angabi ngaphansi kwamagama anga-70 umlingiswa emunye.

1.1 UNdabezinhle (10)

1.2 UZithobile (10)

1.3 Ubaba kaZithobile (UNgcobo) (10)

1.4 UThembekile (10)

[20]

2. Fundisisa iziqeshana ezilapha ngenzansi bese uphendula imibuzo ebuziwe kuzo
ngemisho EPHELELE.

"Ngashaywa zindonga nje lapha sekuyiwe kuphi? Kukhala ibhungezi ngempela madoda! Uthi kungenzeka nje ukuthi ...? Cha ngeke. Wo ... yeka mina ngokunakashelwa zinsizi emhlabeni!" Yimina-ke lowo ngikhuluma ngedwa okohlanya. Impela zivese ziyime emthumeni. Angiqondi ukuthi impilo ingifundisa sifundo sini ngayo. Ngithi ngisaphithene ngibone ipheshana phezu kombhede. Ithi ngibone ukuthi kulotshweni kulona:

*Ndabezinhle*

*Uyayazi indlela umphefumulo wami ongakutholi ngayo ukuphumula lapho ekhaya. Sengihambe kwaze kwakabili kodwa kujike yena umama wakho oyimbangela yalokho athi ngilande. Ngakho ngibone kungcono ukuthi ashade neliba. Nami emuva kwalokho amabombo ngiwabhekise emfuleni. Kumanje nje ngiyalenga emthini womthombe. Uma uthando lweqiniso luyinto ephilayo emhlabeni ngizocela uze silenge kanye kanye 'ze uthando lwethu siyoluqhuba kwelizayo.*

*Unjalo-ke umhlaba*

*Yimina*
*uMaShange*

Ngizwe ingqondo inyenya kancane. Ngithi ngiyayibuka indlu kungathi seyiyinkulu ngokunye.

Ngithi ngiyazincinza ngisimze ngingezwa lutho. Kube kude ngisho nokubonela kuNandi. Ngizwe inhliziyo ishaya ngamandla ingishiya nenzululwane, ngifumbeke embhedeni ngizizwe sengisho ngosizi ngithi, "Nkosi wamukele nowami umphefumulo." Kube sengathi ngalawa mazwi ngisicela sibe ngconywana isimo engikusona. Ngiwavule kancane amehlo ngize ngibheke kahlehle. Sengathi kungcono ngibambe ebheke emfuleni. Ngivuke ngikhe amanzi 'nce ngesule ubuso.

2.1 Ubani obhale le ncwadi okade uyifunda kulesi siqephu? (1)

2.2 Le ncwadi ibhalelwe bani? (1)

2.3 Yayiqinisile yini incwadi ukuthi umbhali wayo uselenga emthin womthombe? Uma kungenjalo wayekuphi? (2)

2.4 UMaShange uthi umama kaNdabezinhle umshadiseleni neliba? (2)

2.5 Bhala uchaze ngesiZulu esijwayelekile ukuthi kusho ukuthini lokhu okubhalwe lapha ngenzansi.

2.5.1 ukushada neliba (2)

2.5.2 inhliziyo esontekile (2)

[10]

3. "Mntanami uzongibekezelela. Kokubili inhloko nomsila kwale ndaba kulukhuni njengetshe."

Athi uma esho kanje ubaba ngizwe nginokuzisola ngokugqума kwami uNdabezinhle ekamelweni lami. Ingani linanelana itswayi naleli esizoxoxela kulona, ngakho konke esizokuxoxa kuzongena njengoba kunjalo ezindlebeni zikaNdabezinhle.

"Mntanami ngabe sewuqomile?" Kubuza ubaba engijamele ngqo emehlweni.

Ngizwe ngifikelwa uvalo oluncane ngicabange iphutha esalenza sinomama. Kushayane amadolo. Ngithi ngisantula impendulo ethe nje ngqo ngimuzwe esethi: "Khuluma nje ndodakazi ungesabi."

"Yebo kunjalo baba," kusho mina ngikhophoza.

"Uqome kwabani mntanami?"

"Ngiqome kwaKhanyile khona kuleli lokishi. Ngiqome uNdabezinhle."

"Umthanda kangakanani lo mfokazi?"

"Impela uthando lwethu lujulile, futhi selunamagxathu ngoba ..."

"Uxole ngokukwephula ulimi. Ubani ongazidela amathambo umsize nxa kuthiwa silengele egebeni lokufa nalo mfokazi?"

"Iqiniso lokuqala lithi nguwena baba ngoba ngingamathumbu akho. Elinye lithi kungaba nguye ngoba useyikho konke ngempilo yami, nanxa wena wangizala wangondla wangikhulisa konke ukusimama kwami kuyo yonke le minyaka bekuyame entendeni yesandla sakho."

"Zithobile ngiyajabula ukuzwa lokho. Ngizocela ulalele kahle konke engizokusho kuwena kusukela manje."

Ngilinde ngokuthuthumela. Ngiwakhiphe wonke amehlo. Phela anginalwazi lokuthi ndabani lena eza noMapholoba. Ngizame nokho ukuziqoqa ngilalele. Aphinde futhi ubaba aphenduke isimungulu. Angigqolozele ngamehlo abikezela isichotho sezinyembezi. Hhawu nempela ziphethe ngokuthi nje mi ...

Ngikhungatheke nje ukuthi mhlolo muni lona olingwa ngubaba. Kuthuleke du endlini. Ingqondo yami seyithe nje ne kuNdabezinhle. Makhathaleni ngizwe ubaba esethi: "Ndodakazi usalalele?"

"Yebo baba ngisalalele." Ngiyengezela.

"Ngicela usukume uqale uqalaze ukuthi akunamuntu yini ophandle okungenzeka ukuthi khathisimbe ulalele. Phela le ndaba kufanele ibe imfihlo yethu sobabili angabibikho omunye oyizwayo ngaphandle kwalezi zindonga ezisizungezile. Ngisho noNdabezinhle wakho loyo imbala."

Nempela ngisukume ngiphumele phandle ngenze njengokusho kubaba. Lungithi nyampu uvalo ngizwe kubanda izibilini.

3.1 Owakwabani lo Ndabezinhle ogqunywe ekamelweni? (1)
3.2 Elikabani leli kamelo agqunywe kulo? (1)
3.3 Lo baba obuzayo lapha uyisihlobo sini noZithobile? (1)
3.4 UZithobile uchaza ukuthini uma ethi, amakamelo ananelana itswayi? (2)
3.5 Zindaba zini ezishaqisayo azashintsha impilo kaZithobile ngalolu suku? (2)
3.6 Loku akuzwa ngalolu suku kwadala ukuthi agcine esehlala kuphi uZithobile? (1)
3.7 Wayifunelwa ubani le ndawo ayesehlala kuyo uZithobile? (1)
3.8 Wayezohamba aye kuphi umfokazi othandana noZithobile? (1)
[10]

4. Bhala igama KUPHELA ukuphendula imibuzo elandelayo. Ungabhali umusho.

4.1 Isithakazelo sikaZithobile uNdabezinhle athanda ukumbiza ngaso ……
4.2 ……….inkosikazi kababa kaZithobile engeyona umama wakhe wegazi.
4.3 Intombazane engunesi uZithobile ayethi ithandana noNdabezinhle….
4.4 Isibongo sikamama kaNdabezinhle sokuzalwa………
4.5 ………indawo lapho okwakuhlala khona umzala kamama kaZithobile.

[5]

5. Phendula ngokuthi IPHUTHA noma IQINISO embuzweni elandelayo.

5.1 Igama lesitolo sekheli elalisetshenziswa ubaba kaZithobile uma ebabhalele benomama wakhe lalithi, Nxamalala General Dealer.
5.2 Ithishanhloko wesikole okwafunda kuso uZithobile kwakunguMthimkhulu.
5.3 UNdabezinhle isibongo sakhe uMkhize.
5.4 UZithobile lapho ezalwa khona ngempela ikwaShange.
5.5 Isibongo somhlengikazi owayesiza uZithobile esibhedlela uThusini.

[5]

ISAMBA [50]

## ISIQEPHU B

1. Fundisisa izihloko ezilandelayo bese ukhetha ESISODWA ubhale ngaso usebenzise amagama anga-80 kuya kwayi-100.

1.1 Umama wakho kade ekufundisa kanzima ngemali yokudayisa emgwaqweni. Manje usufundile waze waphumelela waba udokotela. Mbhalele INCWADI lapho uveza khona ukubonga nokuziqhenya kwakho ngaye.

[30]

NOMA

1.2 Abazali bakho basebenza umsebenzi owenza ukuthi bangahlali endaweni eyodwa isikhathi eside. Phakathi nonyaka lo esikuwo basukile lapho kade nihlala kjhona bashintshelwa kwenye indawo. Bhalela umngani wakho omshiye esikoleni sakho okade ufunda kuso INCWADI umxoxele ngalolu shintsho empilweni yakho nomndeni wakho

[30]

NOMA

1.3 Ekhaya lapho kuzalwa khona abazali bakho iseZimbabwe. Ngenxa yezimpi nokuhlukunyezwa kwabantu bokufika kuleli laseNingizimu Afrika kuye kwafanele ukuthi nithuthe niphindele emuva. Bhala INGXOXO obenayo nomngani wakho waseNingizimu Afrika uma umtshela ukuthi seniphindela eZimbabwe.

[30]

NOMA

1.4 Umfowenu omdala kunawe ukutshela ukuthi uzimisele ngokushada nomuntu owubulili obufanayo nobakhe. Kubo kwalo muntu azimisele ukushada naye seyiyaziwa indaba yabo ngabazali bakhe. Yena uyesaba ukutshela abazali benu ngalolu daba akuxoxela lona. Bhala INGXOXO lapho ekutshela khona wena futhi ecela umbonise ukuthi angenzenjani.

[30]

## ISIQEPHU C

1. Funda izihloko ezilandelayo bese ukhetha ESISODWA ubhale ngaso amagama
**angama-60 kuya kwanga-80.**

1.1 Umalumekazi wakho uhlela ukwenzela umzala wakho umcimbi wokuhlanganisa iminyaka eyi-16 emzini wakhe. Ucele wena ukuthi umbhalele ISIMEMO salo mcimbi. [20]

**NOMA**

1.2 Abazali bakho bazokwenzela udadewenu omdala umcimbi womemulo. Umsebenzi wakho onikwe wona ukubhala ISIMEMO salo mcimbi esizothunyelwa kubantu abamenywayo. [20]

**NOMA**

1.3 Esikoleni kade nifundiswa ngokuzivulela amabhizinisi amancane. Nawe usubonile ukuthi uzozivulela ibhizinisi lokwenzani ngasekhaya. Bhala ISIKHANGISI ozohamba usifaka komakhelwane ukhangise ibhizinisi lakho.

[20]

**NOMA**

1.4 Kade waqala ukuzenzela ubuhlalu nezinto zesintu ekhaya udayisela abantu abakwaziyo kuphela. Manje bonke laba abathenga kuwe bayawuncoma umsebenzi wakho bathi muhle. Bhala ISIKHANGISI ozosithumela ephephandabeni ukhangise umsebenzi wakho.

[20]

[50]

ISAMBA 50+ 50 = [100]